

ISIBUKOSEZWE

Litholakala nyanga zonke • Thola izindaba zansuku zonke ku-www.isibukosezwe.com MAHHALA • 30 kuMandulo 2026



INDLULAMITHI yamaKhosi iSilo uMisizulu yamukela umhlanga entokazini esencane emcimbi obuwendelwe eMashobeni muva nje.



IZINTOKAZI ebezizoqhakambisa ubuntombi bazo okuyigugu likaZulu eMkhosini woMhlanga.

Inggophamlando yoSuku lwamaGugu namaSiko

Nash Ngcobo

UMGUBHO woSuku lwamaGugu namaSiko kulonyaka uzongena emlandweni njengoba uhulumeni kazwelonke ezolugubha ngokuhlanganyela neNdlunkulu kaZulu okokuqala ngqa selokhu lwasungulwa njengoMkhosi weLembe.

Ezintweni eziningi lohulumeni agxekwa ngazo ekuphatheni kwakhe izwe, udinga ukushayelwa elikhulu ihlombe ngokuhlanganisa lo lusuku lwamaGugu nolokukhunjulwa kombumbi wesizwe samaZulu oluzogujelwa eKing Zwelithini Stadium eMlaza ngoLwesine.

Kuzobe kuqala ngqa ukuthi iSilo sikaZulu uMisizulu ashiyelane inkundla noMengameli weZwe uMnuz Cyril Ramaphosa emigubhweni yalo luhlobo, okubukeka kuyinto enhle kulo

lubumbano lukahulumeni.

Kuningi obekungehli kahle emaqenjini ezombusazwe ahlukenene ngokugujwa kwalo lusuku wuHulumeni waKwaZulu-Natali njengoba abanye bese belubiza nge”Braai Day” ngoba befenyisa imisebenzi yeLembe.

Eminyakeni embalwa eyedlule kuke kwakhonondwa ngokuvulwa kweSishayamthetho saKwaZulu-Natal lamaqembu efuna umcimbi wenziwe ngosuku olulodwa esikhundleni sezimbili, ekhala ngezindleko. Ngokosiko lwesintu iSilo sikaZulu uma sikhuluma akekho okhuluma ngaphambi kwaso kumbe emva kwaso. Kuzokwenzeka kanjani kulo lusuku lokugujwa kolwamaGugu namaSiko?

Kubukeka kuzobakhona ukubekezelelana okuthile, kwazise izinto sezisebenza ngaphansi kukahulumeni wobumbano, abanye

bathi ngowengxube (salad).

Ukugujwa kwalo lusuku sekuhehe nezinye izinhlanga, esezikhombise ukulithanda isiko likaZulu nengoba kubonakalile ezinye izizwe zizibandakanya noMkhosi woMhlanga, okuqale ukubonakala eNyokeni njengoba sekwenzeka naseMashobeni.

Lo lubumbano alusebenze nasekuqinisweni kwemithetho ebusa izwe, kuphele ubugebengu nayo yonke inkohlakalo egubuzele uHulumeni waseNingizimu Afrika okumanje idalulwa imihla namalanga kwiKhomishana kaMadlanga.

Sengathi kulo mgubho iLembe lingavusa onembeza kubantu balo abaqedana ngesikhali usuku nosuku, abantshontshayo nabadlwengulayo bagcine sebekhiphe imiphefumulo.

Ukuhlanganiswa kwalo lusuku, luvusa ithemba lokuthi uhulumeni

nezinhlangano eziwakhile sekuyisikhathi sokuhlela inkonzo enkulu kubongwe inkululeko eyehlale labo ababecindezelwe ezweni labo.

Iqembu elanikwa amandla okubusa izwe okuyi-African National Congress kwakufanele liyobonga uMdali ngokuthola inkululeko njengoba lalimcela ngesikhathi lisayifuna, lisekubhaceni okwathi lingayithola lamkhohlwa nya.

INdlulamithi yamaKhosi njengoba ikhala ngokuhlanekezelwa komlando weLembe kufanele ihlele inkonzo enkulu yokushweleza, kucelwe iLembe liqede isiqalekiso elasishiya kubafowabo ngenkathi bembulala, esibukeka sisasibekele konke okwenziwa wuZulu omnyama.

Okokugcina asijabulisi neze isimo sendawo okukhona kuyo idlinza leLembe elenganywe

ngabokufika linjalo nje alinakekelwe nakancane.

Leli yihlazo okwakufanele iNdlunkulu kaZulu, uhulumeni waKwaZulu ongasekho, uHulumeni weNtando yeNingi, owaKwaZulu-Natali owawuholwa Inkatha Freedom Party baliqede kodwa abazihluphanga ngokwenza idlinza leLembe indawo ehloniphekile.

Kuwna Masipala wesiFunda iLembe, Amafa Heritage, iNational Heritage Council, uMnyango wezokuVakasha, ihhovisi likaMengameli weZwe nelikaNdunankulu, sukumani nisebenzise amandla enanikwa wona ngevoti.

Akutholakale indawo okuzokwakhelwa kuyo bonke laba abacinanise idlinza leLembe bese niyabasusa niyiphendule eyezokuvakasha nemcimbi yoalo yenzelwe khona.

Ushicilelo oluyisipesheli Inchanga Primary igubha i-100 leminyaka

IKOMITI elengamele ukuphathwa kwesikole Inchanga Primary, uMnyango wezeMfundo, owezamaCiko namaSiko, owamaGugu ne-Amafa Heritage banxusa umphakathi nabo bonke abafunda kulesi sikole ngokuhlanganyela oshicilelweni lwephepha oluyisipesheli lwalo mgubho.

Ukugujwa komlando walesi sikole ngokunikela ngolwazi lokusunguleka kwemishini isikole esakhiwe kuyona, abasunguli baso okuyiBandla EliKatholika kanjalo nokuqhubeka kwaso sesibuyela kuHulumeni.

Othisha abafundisa eminyakeni eyedlule, abafundi bakudala nabakamuva kuze kufike ezinganeni ezibe nenhlalaha yokuba yingxeny yalo mgubho kuvale abazali nezakhamizi, bonke kufanele babe yingxeny yalo mlendo ozobhalwa.

Lokhu kulandela umcimbi wokugujwa kweminyaka eyi-100 kwasungulwa lesi sikole oqale eSt Theresah Parish, wadlulela emagcekeni esikole wayophothulelwa KwaNondlini Hall ngoMandulo (September).

Ngemininingwane kanjalo nabafuna ukunikela ngezithombe nolwazi bangashayela uthishanhloko uMnuz Thulani Mbanjwa 0732194614, abaqoqi bolwazi iKhula Communications ku-0633450279.



ISIKHUNGO sokulindelwa kwamabhasi ohlobo lwe-Go! Durban osekuphele iminyaka eyi-14 lwamiswa ukusebenza njengoba seluvuliwe emva kwezingxoxo ezinqala ezinhlekani ebezithinteka kulona.

Izingxoxo zokubuyisana

Nash Ngcobo

INKINGA yomdonsiswano wenkinga yeminyaka eyi-14 ebiphakathi kwamabhasi eGo! Durban neSantaco Durban West isixazululiwe nakuba kusazoqhutshekela kwezinye izindawo.

Ukuxazululeka kwale nkinga kuzoba yisibusiso kubanikazi bamatekisi nabagibeli bamabhasi okudala alindeleka kodwa izingxoxo zingabavuni abamatekisi nabasebenzi obekusatshelwa ukuthi bazolahlekelwa wumsebenzi.

Ubuholi bukaMnuz Mathula Mkhize weSantaco Durban West, uVikesh Maharaj omele amabhasi, uNks Neli Zama weThekwini Transport Authority nobukaMeya weTheku uKhansela Cyril Xaba, buyigcine buyiqomisile intombi esishelwe iminyaka eyi-14.

Iduku eliphakanyiswe muva nje phakathi kwalezi zinhlela, lizoqala ukuphephezela ekuqaleni kwenyanga yezokuthutha uMfumu (October) liphinde

liqinisiswe ngoZibandlela (December) sekusayinwa ezinye zezivumelwano.

Udaba olusematheni elokungalahlekelwa wumsebenzi kwabanikazi bamatekisi kanjalo nabashayeli babo njengoba uMasipala weTheku uzokwengamela ezokuthuthwa kwabagibeli, okudala kwakhulunywa ngakho kodwa kungenzeki.

Abantu abaningi ababephambili ezingxoxweni zokuqala kwalo ludaba abasekho ezikhundleni ababeziphethe njengoba selusongwa yilaba abasha.

UMeya uXaba uthe uMasipala weTheku uzohlinzeka ngamabhasi angama-22 kulo luhlelo lweGo! Durban bese kuthi abanikazi bamatekisi bahlinzeke ngabasebenzi babo ngaphansi kohlalelo oluzobizwa ngeVehicle Operating Companies (VOC's).

Uqhubeka ngokuthi u-75% wabasebenzi uzoqhamuka kulabo abazolahlekelwa wumsebenzi kanti kuzobhekwa ukuthi

banamava anjani. Abangenamava bazoqeqeshwa ukuze bangene ezinhlelweni zeGo! Durban.

“Konke lokhu kuzoba yisiqalo sendlela yokwakha nokuqinisa ubudlelwano kule mboni yezokuthutha esinikezwe amandla amasha.

“Kuzothi ngoZibandlela kudingidwe izivumelwano eziphakanyiswe ekuqaleni kukaMfumu ezizoqhubeka kube nguNdasa (March) wonyaka ozayo,” kusho uNonkosi.

Lo luhlelo lwezokuthutha kulindeleke ludale amathuba emisebenzi kubantu besifazane abalinganiselwa ezi-22 967 000 kanti izi-11767 kuzoba ngezabantu abasebasha, izi-3 677 ezabesifazane kuvale abaphila nokukhubazeka abangama-231.

Uphethe ngokubonga zonke izinhlela ezithintekayo ngokuthi ekugcineni zibe nokubonisana okuzokwanelisa wonke umuntu bese kuqhubeka izinhlelo zoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal obukhathazekile ngokungasebenzi kwale ngqalasizinda.

IContralesa ibonge ukulalelwa nguNgqongqoshe Buthelezi

UBUHOLI bendabuko obubizwa ngeCongress of Traditional Leaders of South Africa (Contralesa) bukushaye ihlombe ukulalelwa nguNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neSantaco nobuKhosi boMdabu uMfundisi Thulasizwe Buthelezi odabeni obukhononde ngalo lwesihlalo sobukhosi baseMbuthimuni eMbumbulu.

Lo ludaba luhlanganisa ukumiswa kweNkosi uSithembiso Mkhize esihlalweni sakhe sobukhosi eMbuthimuni Engilanyoni ngaphansi kweMbumbulu nguNgqongqoshe uButhelezi.

IContralesa iphakamise ukuthi udaba lombuso wakwaMkhize lusingathwa wumndeni wakhona futhi luhamba ngokozalo lwezindlu zakhona, alusebenzi ngepolitiki yezwe kanjalo neyomndeni.

Isizathu sokukhishwa kweNkosi uMkhize esikhundleni asicaci kahle kanti iContralesa yeluleke ungqongqoshe ngokuzwa uhlangothi lwayo nelomndeni, hhayi abantu abafuna ukufeza izinhloso zabo ngobukosi.

Okhulumela iContralesa Inkosi VT Ngcobo ubonge uShenge ngokubalalela ekuvikeleni uBukhosi banoma yiyiphi indlu, ikakhulukazi eyaseMbuthimuni.

INKosi uNgcobo uthe umndeni yiwona ohamba phambili bese ubikela iNdlunkulu kaZulu neSilo ngefisa kwenzeke ngesihlalo sobukhosi.

“Izikhulu zikahulumeni azisondeli nakancane ekuqokeni nasekwehliseni amakhosi, konke kwenziwa umndeni ngokubambisana neNdlunkulu. Izikhulu zepolitiki azisondeli nakancane, akukhathaleki ukuthi zinamandla angakanani,” kuphetha uNgcobo.

ITheku limise ogwazisa abantu ngomsebenzi

Nash Ngcobo

UPHIKO wamaPhoyisa akwaMetro ngaphansi kukaMasipala weTheku selumise isisebenzi esiqola amalungu omphakathi ngokuwakhokhisa imali ukuze aqashwe njengamaphoyisa omgwaqo kulo masipala.

Ukuboshwa kwalesi sisebenzi, kulandela ihlazo elithele umasipala lokudayiswa kwemisebenzi emnyangweni wamaphoyisa okuyiwona onezikhala eziningi ukubedlula bonke omasipala ezweni.

UKhomishana wamaPhoyisa akwaMetro uMnuz Sibonelo Mchunu uthe yonke imibiko yokudayiswa kwemisebenzi ayilona iqiniso, wayivuma eyesihlava esibolile esingaphakathi esiqhuba lomsebenzi ongcolile okumanje esimisiwe.

UMnuz Mchunu unxuse umphakathi ngokuhlukana nokuvuma ukugwaziswa ukuze uthole umsebenzi esiphoyiseni ngoba ukwenza



UKHOMISHANA uSibonelo Mchunu waseThekwini Metro Police echazela izintatheli ngobhongoza wesela elisemkhandlini eliwaka abantu imali libathembise ukubafaka emsebenzini. Isithombe Philsande Amahle Gumede.

lokho kuwugqugquzela ubusela nobugebengu, okuyicala elibomvu.

“Bonke abathintekayo kulokhu bazoboshwa kanti nabantu abayeke umkhuba wokunika amaphoyisa i”drink” ngoba ukwenza lokho kuyicala.

“Iphoyisa elifuna i-drink,

ungaliniki futhi uthathe igama lalo bese uyobikela umphathi wawo,” kusho uMacingwane.

Uthe umuntu akalivume ithikithi bese eyozishwelezela enkantolo ngokufanele akukhokhe. Akuphele ukungcolisa igama elihle lamaphoyisa akwaMetro

ngomgwazo, okuwumnyango onazo zonke izidingo zomuntu oqashiwe kodwa osulandelwa yiphunga elibi.

Udalule ukuthi sebengama-71 abantu abakhononde ngokukhokhela lesi sebenzi sikamasipala futhi esingekho nasophikweni oluqasha amaphoyisa, kodwa esigila lomkhuba.

Uqwashise bonke abafuna umsebenzi ukuthi bangalokothi bawakhe osopolitiki ngokuthi bazobafaka emaphoyiseni kaMetro noma yimiphi imisebenzi kamasipala.

Kule minyaka engama-29 eyiphoyisa lakwaMetro uthe akakaze abandakanyeke ekudayiseni imisebenzi kumbe aqashe abasebenzi ngokwenzelela okunhlobonhlobo, yingakho egqugquzela ukuboshiswa abo abagwazisanayo emnyangweni wakhe. Uphethe ngokuthi uphenyo luyaqhubeka kanti baningi abasazokhalelwa ngamasongo kaSigonyela ngenxa yokuqhuba inkohlakalo.



AIP | ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS

Asincome, sigxeke lapho kudingeka khona. Abadinga ukukhalinywa uma sebephuma emgqeni, akube njalo. Uthini owakho umbono? Sibhalele kule likheli noma uxhumane nathi kwezokuxhumana. Sitholakala ku_35 Maurice Nichols Road Hatton Estate Pinetown 3610. Email:johnngcobo1192@gmail.com 083 301 0869 phone and whatsapp. Facebook John Ngcobo.





IMeya yethule amabhasi nezimoto zezamanzi zezigidi zamarandi

IMEYA yeTheku, uKhansela uCyril Xaba, yethule ngokusemthethweni izimoto ezintsha, okubalwa kuzona amabhasi nezimoto zezamanzi, ezibize izigidi zamarandi, eCentrum Site ngomhla ka-21 Agasti. UMasipala utshale cishe uR300 million kulezi zimoto, okubalwa kuzona amabhasi awu-57, amaloli amanzi awu-35, izimoto zabalungisa amanzi eziwu-18, neziwu-16 zokulungisa imigwaqo namapaki, okuhloswe ngazo ukusheshisa ukuhanjiswa kwezidingo. Kulawa mabhasi awu-57, amane abelwe ngokukhethekile ukuthutha abantu abakhubazekile. Ngonyaka odlule, uMasipala uthathe isinqumo sokuba umsebenzi wokuphakela amanzi ngamaloli wenziwe ngaphakathi kanti ukuthengwa kwamaloli amasha kuzokwengeza esibalweni esikhona esizokwenza kube namaloli angaphezu kuka-350. Lawa maloli amanzi asebenza njengesisombululo sesikhashana emiphakathini ebhekene nokwentuleka kwamanzi ngenkathi uMasipala uqhubeka nokuthuthukisa ingqalasizinda kanjalo nokwandisa amanzi ahlinzekwa kulo lonke iTheku. UMeya uXaba uthe lezi zimoto ezintsha zizosiza



Ubuholi bukaMasipala, okufaka neMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba (kwesokunxele), buzibonele mathupha ibhasi iSukuma lelekelela umgibeli okhubazekile ukuthi agibele. Leli ngelinye lamabhasi amane anikezelwe kubantu abakhubazekile ngesikhathi kwethulwa amabhasi, amaloli amanzi, nezimoto zezamapaki nezemigwaqo, ezibize uR300 million sezizonke.

Isithombe: ENOS MHLONGO

uMasipala uhlinzeke kangcono izidingo ezibalulekile emiphakathini. “Sinciphisa nesikhathi esisithathayo ukuhambisa izidingo emiphakathini yethu. Lezi zimoto zizoqinisekisa ukuthi usizo lufinyelela ngokushesha ezakhamizini zethu,” usho kanje. Esigcawini sokubonisana


ngesabelomali nabantu abakhubazekile ekuqaleni kwalo nyaka, uMasipala uzibophezele ekuhlinzekeni ngamabhasi kubantu abakhubazekile. “NjengoMasipala ongumabizwasabele futhi obakhathalelayo abantu bawo, senze isiqiniseko sokuthi lawa mabhasi awasali kulezi zimoto ezintsha ukuze

kungabi bikho osalela ngaphandle,” kusho uMeya uXaba. UHlengiwe Mngadi, oyiphini likaSihlalo weeThekwini Municipal Disability Forum, uthe babonga abaphezi, wathi amabhasi eSukuma azosiza ekubuyiseni isithunzi kubantu abakhubazekile eThekwini.

Intsha ihlonyiswa ngamakhono okulungisa ingqalasizinda

SEKUHLOMULE abantu abasha abangasebenzi abangu-63, abazoqeqeshwa ohlelweni lokufundela ukusebenza ngamapayipi amanzi, njengoba uMasipala uqhubeka nokuqinisa imizamo yawo yokulwa nokushoda kwamathuba omsebenzi. Lolu hlelo oluqhutshwa ngokubambisana kwe-eThekwini Municipal Academy (EMA), iSisekelo Training Solutions, nabanye ababambiqa ababalulekile, lugqamisa utshalomali olubalulekile ekuthuthukiseni intsha ngamakhono. Luhlanganisa ukufunda ngezincwadi nokufundela umsebenzi ngenhloso yokuhlomisa laba bafundi ngolwazi oludingekayo engxenyeni ebalulekile yezomnotho. Lolu hlelo lweminyaka emithathu, iPlumbing Apprenticeship Programme,

lwasungulwa ngenxa yokwanda kwentsha engasebenzi nesidingo esikhulayo samakhono ezobuchwepheshe. Kuthathwe abantu abasha abangasebenzi abangu-63, okubalwa kubo abangu-36 besifazane nabangu-27 besilisa, abasuka kuzo zonke izifunda zeTheku. OnguMxhumanisi wegatshale-EMA, i-Outreach and Capacity Building Division, uWendy Shabalala, uthe ukubambisana kubalulekile ekuqinisekiseni ukuthi intuthuko yabasebenzi ihambisana nezidingo zomnotho eziguqakayo nalezo zokuhanjiswa kwezidingo. “Lobu bulungani buphinde buhlENZE ngokwesekwa kwamabhizinisi, nangokuqeqeshwa okuhambisana nezidingo zemakethe, okulungiselela abafundi umkhakha wezemisebenzi,” kusho uShabalala.



Intsha engasebenzi engu-63 isiqalile iyaqeqeshwa ohlelweni lokufundela ukusebenza ngamapayipi amanzi lweminyaka emithathu, olungolokubhekana nenselelo yokwentuleka kwemisebenzi, ukuqinisa ingqalasizinda, nokwakha uMasipala osimeme.

Kuqhakambe iTheku kwethulwa iNyanga yezokuVakasha

KUQHAKAMBE iTheku ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuVakasha, uPatricia de Lille, ethula ngokusemthethweni iNyanga yezokuVakasha, egujwa ngoSeptemba, e-9th Avenue, muva nje. Njengendawo enogu ehamba phambili eNingizimu Afrika nasekusingatheni imicimbi emikhulu, izingqungquthela, nemihlangano yezamabhizinisi, iTheku liyaqhubeka nokuthuthukisa ezokuvakasha ngokukhombisa ubuhle bakuleli ezivakashini zasekhaya nezakwamanye amazwe. Umcimbi kaNgqongqoshe

wokwethula le nyanga uqondane nochungechunge lwemicimbi evelele ebiyinxenye yengqungquthela i-Ordinary Meeting of the Southern African Development Community Heads of State and Government ka-46, eBilapha eThekwini. Ukwethulwa kweNyanga yezokuVakasha eThekwini kusho ukuthi iTheku liyindawo enekhono lokuhlanganisa ngempumelelo izinhlelo zamabhizinisi, ezokuvakasha, ukutshalwa kwezimali namasiko. Njengamanje, ziningi izinhlelo zezokuvakasha nezamabhizinisi eziqhubeka eThekwini laphe imicimbi

emikhulu ihlinzeka khona ngamathuba okukhombisa ngengqalasizinda yezingqungquthela nemicimbi esezingeni lomhlaba nokunye okuningi okwenza iTheku libe yindawo yokuvakasha ephambili. Njengengxenywe yokwethulwa kweNyanga yezokuVakasha, ezinye zezithunywa zeSADC zithokozele ukufunda ngomlando waseThekwini ngokuvakashela indawo yokugcina amagugu, iKwaMuhle Museum, zaqhubekela eMlazi, laphe zizizwele mathupha impilo yaselokishini kwaMax's Lifestyle Village. “ITheku njengamanje



lithokozela izinhlelo eziningi zezokuvakasha nezamabhizinisi, futhi ukwethulwa kweNyanga yezokuVakasha

UNgqongqoshe wezokuVakasha, uPatricia de Lille, wethule iNyanga yezokuVakasha kaZwelonke eThekwini muva nje. INyanga yezokuVakasha igujwa ngoSeptemba.

kusihlinzeke ngenkundla ebalulekile yokukhombisa ukuthi iTheku likulungele ukwamukela izivakashini, izithunywa, abatshalizimali nabahleli bemicimbi,” kusho

uKhansela uThembo Ntuli, onguSihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela. “Kusukela emihlanganweni emikhulu yesifunda nemicimbi yezamabhizinisi yamazwe omhlaba kuya ezindaweni zokuzijabulisa zasemalokishini, izindawo zamagugu nempatho yethu esidume ngayo umhlaba wonke, iTheku liyaqhubeka nokukhombisa ukuthi lingaphezu nje kokuba yindawo yokungcebeleka, kodwa liyidolobha laphe kuhlangukhona khona ezamabhizinisi, amasiko, ezokuvakasha nokutshalwa kwezimali,” wengeze kanje.



ZITHOLELE I-MOBILE APP KAMASIPALA WETHEKU



UPitso akaqhubeka nokufanelekile

Nash Ngcobo

UMQEQESHI oseshaya ibuya kwiBafana Bafana emva kweminyaka eyi-14 ayishiya udonswe ngabalingi ngendlebe ngokungazenzi izinguquko ezingenasidingo, kodwa aqhubeka nomsebenzi owenziwe wuHugo Broos.

Lowo nguPitso Mosimane osanda kumemezela isekela lakhe nabadlali azogijima ngabo emidlalweni yokuhlungela i-Afcon 2027.

Umdlalo wakhe wokuqala uzowudlala neGuinea e-Orlando Amstel Stadium ngoMandulo 26 (September). Owesibili uzowudlala ne-Eritrea e-Egypt emva kwezinsuku ezine.

Kuzothi ngoMfumu 4 (October) angcwikisane ne-Egypt eCairo International Stadium nokuyilapho ezobuya esazi kahle ukuthi ukuhza amasosha abukhali kangakanani.

Kubantu asebeke bayibamba ishisa ekuqeqeshweni kweqembu lesizwe abakhuthaze uMosimane ngokungakhandi into engakudingi noma engafile ngu-Ephraim Jomo Sono oseke wayiqeqesha iBafana Bafana njengebamba amahlandla amabili.

USono olungangatshazwa ulwazi lwakhe ngonobhutshuzwayo nokuhlonza amathalente anhlobonhlobo kubadlali, unxuse uMosimane ngokuqinisa ubudlelwano nama-agents kodwa angatshelwa yiwona ngokuboshelwa kwabadlali.

“Ngiyamazi uPitso unenkani



UPITSO Jingles Mosimane no-Ephraim Jomo Sono oweluleka umdlali wakhe ngokuqeqesha iBafana Bafana okuyizigagayi zikanobhutshuzwayo ezaziwa ngenkani futhi ezinegazi le-Orlando Pirates neleJomo Cosmos.

njengami, akangalokothi avume ukusetshenziswa ngama-agents nezikhulu zamaqembu ngokuthi abaqoke muphi umdlali esikhundleni somunye.

“Inkani yakhe ngiyathemba uyisebenzisile ngenkathi ubuholi beSouth African Football Association (Safa) ngokuthi ufuna iholo elingakanani, angafani name engavuma uR50 000 izinyanga ezintathu.

“Lokho ngakwenza ngoba ngibeke phambili ukuthanda izwe lami, angakwenzi nakancane lokho sekuphelelwe yisikhathi,” kusho uSono.

“Uqhubeke ngokuthi iSafa sekuyisikhathi sokuthi iholele

abaqeqeshi bakuleli imali elinganayo naleyo eyiholela abamhlophe bangaphandle.

Onoziniti:

URonwen Williams, uSipho Chaine noRicardo Goss.

Abasemuva:

U-Aubrey Modiba, uSamukelo Kabini, uFawaaz Basadien, uKamogelo Sebelebele, uThapelo Morena, uThabang Matuludi, Ime Okon, Nkosinathi Sibisi noLebone Seema, u-Olwethu Makhanya noKhulamani Ndamane.

Isikwata sikaMosimane nabasizi bakhe asebenyenzelwe ngokugcwele siboshelwe kanje:

Abasisiswini:

UTebogo Mokoena, uLebohlang Maboe, uSiphephelo Sithole, uBathus Aubaas noBrooklyn Poggenpoel.

Abagadli:

U-Iqraam Rayners, uYanela Mbuthuma, uCassius Mailula, u-Oswin Appollis, uPutso Dithejane, uTashreeq Matthews, uRelebohile Mofokeng, uThemba Zwane, uThapelo Maseko, uLuther Singh noShandre Campbell.

OweSafa usola uMcKenzie ngolweVAR

UMENGAMELI we-Safa eThekwini usola uNgqongqoshe kazwelonke wezeMidlalo, ezobuCiko namaSiko kuzwelonke ngokuzihlupha ngokusetshenziswa kweVideo Assistant Referee, kodwa abhekelele ezingqalasizinda.

Lowo nguMazwi Mkhize osihlabane wasihlikiza isenzo sikaGayton McKenzie ngokukhipha izindodla zezigidi zamarandi zokuthenga iVAR kodwa izwe libe lingenazinkundla ezisezingeni likanobhutshuzwayo okhokhelwayo.

UKhabazela uthi uMcKenzie akangagagamele izinto zezinga lomhlaba kodwa unobhutshuzwayo wabesifazane ungabhekelelwa ngezinkundla kanjalo nengqalasizinda ezamukelekile.

“UHulumeni ushumayela ivangeli lempi yokulwa nokuhlukunyezwa kwabesifazane kodwa akenzi lutho ngokuvikeleka kwabo ezinkundleni abadlalela kuzona ezinye ezingenazo izindlu zangasese, zokushintsha nezokugezela.

“Alikho ikhambi elilethwa nguhulumeni ekuvikeleni abadlali besifazane ikakhulukazi kunobhutshuzwayo ebe eqhakamisa ukuthuthukiswa kwezemidlalo emazingeni aphansi,” kusho uMkhize.

Udaba lwe-VAR lubalungele abantu abanezimali zabo, unobhutshuzwayo oyibhizinisi elikhulu kubona, imali kahulumeni isadingeka kakhulu kwingqalasizinda yabantu abangenaluitho nabangakaze babe notho.

Uthe lokhu ufana nse nokunetha kwendlu yegagu, uNgqongqoshe McKenzie makaqhumise isitswebhu ezikhulwini zoMnyango wezeMfundo nowakhe ngokungasebenzisani ngempumelelo ekuthuthukisweni kwemidlalo yezikole.

Uqhubeke ngokuthi kunombango ongapheli wothisha nezikhulu zemidlalo, abafuni ukuzinikela ngezemidlalo ngezimpelasonto nasemidlalweni ezadlalwa ngaphandle kwamahora okusebenza.

Abanye bajabulela ukuhamba namaqembu ezikole kodwa bangabuyi nambiko wokuthi kwenzekeni kulolo luhambo kanjalo nokuqhakanjiswa kwamakhono ezingane.

Lokhu uthi yikona kanye okuyisihlaba sokusalela emuva ezinganeni ezifunda ezikoleni zasemakhaya nasemalokishini uma ziqhathaniswa nalezo ezizimele nezaziphethwe ngabamhlophe phambilini.

Asikho isikhathi esidlula lesi sokungenelela kukangqongqoshe ngokubonisana nabaphathi bezemidlalo ezikoleni nasezinhlanganweni zemidlalo enhlobonhlobo ukuze kusizakale namaqembu kazwelonke ngokwezigaba ezahlukeneyo.

“OMasipala ngeke bazihluphe ngokuhlala izimali zokwakhiwa lwezinkundla ezizoba nazo zonke izidingo uma ingekho ingcindezi eqhamuka ezikoleni nakososeshini bemidlalo enhlobonhlobo okufanele ihlelelwe ingqalasizinda,” kuphetha uMkhize.

IKZNA inezingxoxo zokubuyisana neCMA

Nash Ngcobo

IKOMITI elengamele ukuphathwa kweKwaZulu-Natal Athletics (KZNA) seliqoke lenhlangano ukuhlela umhlangano oyisipesheli wokubonisana neComrades Marathon Association (CMA) ukuze kuxazululwe indlela eya phambili ezohambisana nezidingo zabagijimi.

Lokhu kulindeleke ukuthi kwenzeke ingakapheli inyanga kaMandulo (September) osukwini olungakamenzelwa, ukulungiselela iComrades Marathon yangonyaka ozayo ezogubha imnyaka eyi-100, ezosuka eMgungundlovu iphelele eThekwini.

Lezi zindaba ziqinisekiswa nguKhura Buthelezi oyiphini likaMengameli weKZNA othe ubuholi balenhlangano bukiphe umyalelo wokubonisana nokubuyisana neCMA emva kokungezwani okuqubuke ngemihlomulo ebifunwa yiKZNA.

Le mihlomulo yaminyaka yonke kubikwa ukuthi iKZNA ibiphakamise ukukhokhelwa

okungaphezulu kokujwayelekile futhi azikho izizathu eziphusile zokufuna ukuhlomula kakhulu kunokwejwayelekile.

Lokhu kungaboni ngaso linye phakathi kweCMA neKZNA kuphoqe ukuthi abeComrades baqhubeka nomjaho ngaphandle kokulawulwa yiKZNA kanjalo ne-Athletics South Africa (ASA), okuyinto ezodala ukuthi abagijimi bangabhekelelwa ngomshuwalense kulo mjaho.

Nakuba singagagulwanga isamba esifunwe yiKZNA, kubikwa asivunywanga yiCMA, okuholelele ekuthini ifune ukuqhubeka nomjaho ngaphandle kokulawulwa yile nhlangano.

Kubikwa ukuthi iCMA yiyona ebhekele zonke izindleko zalo mjaho osuhlonishwa emhlabeni jikelele kanti iKZNA ihlomula ngokulawula imishuwalense yabagijimi kuphela.

Yize kunemali eyitholayo, kuzwakala ukuthi umengameli weKZNA osamisiwe ufune isamba esikhulu ngaphezu kwalesi nhlangano yakhe esithola minyaka yonke.

Ikomiti elilawula iKZNA



AKEKHO noma munye umgijimi ongafisi ukungabi yingxeny yomlando walo mjaho obheke eThekwini njengoba uzibonela esithombeni.

lingenelela nje ngoba inhlangano nabagijimi ibizongena ehlazweni lokungatholi lutho kulo mjaho ozobe ugubha iminyaka eyi-100 nokungabi yingxeny yawo.

Akekho umuntu onumgijimi

ongafuni ukushiywa ngaphandle kulo mjahokazi ozobe ugijinywa ibanga lika-93km njengoba uzophelela eKings Park Rugby Stadium okokuqala ngqa emlandweni wawo.